health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

DKT. SIBONGISENI DHLOMO
UNGQONGQOSHE WEZEMPILO, KWAZULU-NATALI

UMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATAL UNEZINHLELO ZOKUBHEKANA NESIFO SOMDLAVUZA, KODWA UKUHLOLELWA UMDLAVUZA IYONA NDLELA EMQOKA

Umhlaba wonke untula oDokotela, kakhulukazi abawochwepheshe njengalabo abakwazi ukubhekana nesifo somdlavuza. **Njengoba umhlaba wonke ububungaza usuku lokuqwashisa ngesifo somdlavuza (World Cancer Day) mhlaka 04 February 2018**, uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal unxusa umphakathi ukuba uqhubeke nokweseka imikhankaso kaHulumeni egqugquzela ukuba abantu bahlolelwe isifo somdlavuza. Ukuhlolwa kuyasiza ekutheni usheshe usizakale uma unesifo somdlavuza, nokwenza kube lula ukusheshe uthole usizo lwezeMpilo.

Zinhlanu izinhlobo zomdlavuza ezidlangile KwaZulu-Natal:

- **isifo somdlavuza wesibeletho;**
- **isifo somdlavuza webele;**
- **umdlavuza wesifo samathumbu** (Colorectal) **umdlavuza oba phakathi komlomo namakhala obangelwa ukubhema;**
- **nezilonda zomdlavuza eziba sekhanda nasemqaleni;**
- **nomdlavuza oba semapayipini asesithweni sangasese somuntu wesilisa** (Prostate cancer).

Kamuva nje amehlo omphakathi agxile kakhulu kwi-oncology, okuwuhlelo lokulapha umdlavuza osujulile kumuntu, osusezingeni elibucayi. Zibalelwa ku-20% iziguli ezidinga lolu hlelo lokwelashwa, ezinye eziwu-80% ziluthola kalula usizo ngoba umdlavuza usuke usheshe watholakala.

Ukulawulwa kwesifo somdlavuza kunezindlela eziningi njengoba siphinde silawulwe esigabeni sezikhungo zempilo zesifunda nokuyilapho imiphakathi iseduzane nakhona; kungekhona ezibhedlela zesifundazwe kanye nasezibhedlela eziphezulu. Phakathi kwezinsiza zezeMpilo ezimqoka ohlelweni lokwelapha isifo somdlavuza, yilezi zigaba ezilandelayo:

- **Ukuvikela kanye nokusheshe welashwe okwenziwa emitholampilo kanye nasezibhedlela zezifunda (Primary Healthcare Clinic and District Hospitals)**
  Lapha kugxilwa kakhulu emikhankasweni yokuqwashisa kanye nokuhlolela isifo somdlavuza
- **Ukuhlelwa kokulashwa kwesifo somdlavuza okwenzeka ezibhedlela eziphezulu (Regional and Tertiary Hospitals)**
  Lapha kuqinisekiswa isifo (Diagnosis), kwelashwe ngohlelo lokuhlinzwa (Surgical intervention) kanye nohlelo lokwelapha olusebenzisa imithi kanye nemishini phecelezi (Chemotherapy and Radiotheraphy)
- **Ukunakekelwa kweziguli esezisesigabeni esibucayi kakhulu (Palliative care) okwenzeka ezikhungweni ezixhaswa uHulumeni kanye nezikhungo ezingekho ngaphansi kukaHulumeni (State funded Hospices and Non-Governmental Organisation)**
  Lapha kugxilwa ekuhlinzekweni ngosizo lwezeMpilo ngaphandle kwesikhungo sezeMpilo, ngenhloso yokulawula izinhlungu.

UMnyango wezeMpilo uyaxhumana nemiphakathi ngodaba lomdlavuza esigabeni sesifunda ngezinhlelo zokuya emiphakathini ngenhloso yokuqwashisa kanye nemikhankaso yokudlulisa imiyalezo yokuvikela ukudlondlobala kwalesifo. Phakathi kweminye yemikhankaso uMnyango oyiqhubayo esigabeni sezifunda ile elandelayo:

- Uhlelo lokuthi abesifazane behlale ngokuhlolela izifo (Phila Ma Campaign);
- Ukugomela isifo somdlavuza emantombazaneni asemancane (Human Papilloma Virus vaccination);
- Umkhankaso ofundisa uphinde ugqugquzele ngezempilo (Education and Health Promotion Campaigns);

Isifo somdlavuza sinezinhlobo ezahlukahlukene futhi ezijulile. Kuncika kakhulu ekutheni isiphi isitho somzimba esithintekile kanjalo nezinga lokwelashwa elidingekayo.

Isifundazwe saKwaZulu-Natali senza kahle kakhulu ngasohlangothini lokuhlolela umdlavuza (screening for early detection), kusetshenziwa imishini (radiotheraphy) kanye nasekulapheni ngohlelo lwemithi (chemotherapy).

Eqinisweni imizamo yalesi sifundazwe iphinde yengezwa ukwethulwa komgomo omusha osanda kwethula, i-National Cervical Cancer Prevention Policy (NCCPP) and Breast Cancer Prevention and Control Policy. Inhloso yalomthetho ukuqinisekisa ukuthi izimpawu zomdlavuza zisheshe zibonakale.

Ngokusebenzisa lendlela, uMnyango usebenzisa i Liquid-Based Cytology (LBC), nokungenye yezindlela esetshenziswa ukuhlola (conventional cytological). Ngaphansi kwalolu hlelo kusetshenziswa okusabhulashi okubukeka njengomshanelo ukubheka ukuthi lesi sifo sikhona yini esibelethweni. Kuyaye kuhlanganiswe nokusaluketshezi bese kuyiswa e-laboratory ukuze kuhlolisiswe. Ngenxa yalokhu kuhlola okusheshe kucacise ukuthi ukhona yini umdlavuza kumuntu, zizokuba zincane izigameko zesifo somdlavuza osujulile ozodinga imishini ye-oncology.

MAYELANA NOHLELO LOKWELAPHA UMDLAVUZA (ONCOLOGY UPDATE)

UMnyango wezempilo usaqhubeka nokwenza izethulo kwi-Khomishana yamalungelo abantu (SA Human Rights Commission) mayelana neqhinga lokuxazulula isimo somdlavuza esifundazweni. Iqhinga limi kanje:

- UMnyango unoDokotela abathathu abawochwepheshe bokwelapha umdlavuza (oncologists) abasebenza ezibhedlela ezizimele abalekelelayo esibhedlela iNkosi Albert Luthuli Central Hospital (IALCH), abasebenzisana ngokuhlanganyela nethimba lezeMpilo kulesi sikhungo.
- UMnyango ubambisene noMnyango wezeMpilo kuzwelonke ohlelweni lokuzama ukuthola oDokotela abanobuchwepheshe ekwelapheni isifo somdlavuza abazoqhamuka kwelase-Cuba kanye nakwelaseNdiya.
- UMnyango umatasa nohlelo lokuqapha ukulungisa imishini yobuchwepheshe ngaphandle kwezinkinga zezivumelwano;
- UMnyango unohlelo lokusebenzisana nezibhedlela ezizimele ukunciphisa isibalo sabantu abalinde ukwelashelwa umdlavuza.

UHLELO LWEMISHINI YOKWELAPHA ISIFO SOMDLAVUZA (ONCOLOGY MACHINE)

Mayelana nokulungiswa kwemishini yomdlavuza, njengamanje uMnyango unemishini ye-oncology emine (4) esebenza kahle esifundazweni.

- **Uwodwa (1) osebenzayo kahle esibhedlela eGrey's.**
- **Mithathu (3) esebenza kahle esibhedlela i-Inkosi Albert Luthuli Central Hospital (IALCH).**
- **Ukufakwa komshini omusha we-oncology esibhedlela i-Addington kulindeleke kube sekuphothuliwe ngo April wakulonyaka kuhlanganisa nokulungiswa komshini wesibili okhona njengamanje.**

UHELO LOKWELASHWA KOMDLAVUZA (ONCOLOGY SERVICES)

UMnyango ukhiphe i-tender lenkampani ezohlinzeka ngosizo ezigulini eziphethwe isifo somdlavuza esibhedlela i-IALCH kanye nase-Addington. Ngokwale nkontileka kuzokuba noDokotela abathathu noma abane (3/4), abazohlinzeka ngosizo ezigulini eziphethwe isifo somdlavuza. Lokhu ukwengeza ekulashweni kweziguli ezidinga i-oncology ezibhedlela i-Lower Umfolozi kanye neNgwelezane ezisebenzisana nenkampani ezimele i-JMH esibhedlela esise-Richards Bay.

Ngokwaloluhlelo zingu **75 iziguli** ezidinga usizo lwe-oncology **ezibonwa njalo ngenyanga** kusukela ngo October, November kanye noDecember ka 2017.

ZINGU 225 ESEZISIZIWE

SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA, SINIKA ITHEMBA